# Kumcacele eDrummond ukuthi uzoqopha irekhodi

## USteyn ungene kwezokugijima ngenhloso yokwehlisa isisindo

**PHILANI NCALANE noMZWAMANDLA ZONDI**

UBONE eseseDrummond uGerda Steyn ukuthi angakwazi ukwephula irekhodi labesifazane kwiComrades Marathon ayinqobe izolo ngeSonto isuka eThekwini ibheke eMgungundlovu.

USteyn uzifake emabhukwini omlando ngokuba wumsubathi wesithathu wesifazane ukunqoba iTwo Oceans neComrades ngonyaka owodwa.

USteyn ukhombise ukuthi uzokuba yingozi nonyaka kwiComrades ngesikhathi enza isikhathi esingu-3:31 kwiTwo Oceans, ehluleka ngemizuzwana embalwa ukwephula irekhodi lalo mjaho olingu-3:30 eliphethwe nguFrith van der Merwe.

Lo msubathi uphinde waba ngowokuqala wesifazane ukusonga umjaho onyukayo (iComrades) ngaphansi kwamahora angu-6.

Wenze irekhodi elisha lalo mjaho elingu-5:58:53, ecisha u-6:09 ka-Elena Nurgalieva waseRussia alenze ngo-2006.

Sekuwumlando ukuthi uSteyn ushiye umsebenzi wokuba yiQuantity Surveyor eDubai, e-United Arab Emirates.

Ungene kwezokugijima ngenhloso yokwehlisa umzimba. Ngonyaka odlule ungene endaweni yesibili ngemuva kuka-Ann Ashworth, kanti nakhona ubebhekwe ngabomvu ngemuva kokunqoba iTwo Oceans.

Lo msubathi uzohleka yedwa njengoba ezohlomula ngo-R500 000 wokuba yingqwele yalo mjaho, ngu-R200 000 wokuba wumsubathi wokuqala wakuleli ukushaya intambo, kanti ngokwephula irekhodi uzothola omunye uR500 000.

Kuvele nokuthi ikilabhu yakhe iNedbank, izomgixabeza ngoR500 000 ekubeni nabaxhasi bakhe bakwaNike, besazomnika omunye umhlomulo.

Ephawula ngalo mjaho uSteyn, uthe:

"Bengingabhekile ukwenza irekhodi lalo mjaho.


"Nokho-ke ngithe uma ngidlula eDrummond ngabheka iwashi, ngathola ukuthi isivinini engigijima ngaso singangenza ngiqophe irekhodi elisha.

"Kangibange ngisabheka emuva. Imali yalo mjaho ngizoyilondoloza ngoba sengiphila ngakho ukugijima."

UNick Bester oyimenenja yeNedbank Running Club, ubephuphuma injabulo ngemuva kokuba abasubathi bakhe bevale ngehlahla kulo mjaho esigabeni sabesilisa nakwesabesifazane.

IComrades yangonyaka ozayo neyango-2021 yomibili izosukela eMgungundlovu isongwe eThekwini njengoba izobe igubha iminyaka engu-100 yasungulwa kwazise isungulwe ngo-1921.

Nokho-ke lo mjaho uzokube ungayihlanganisi ncimishi iminyaka engu-100 njengoba ungagijinywanga ngesikhathi sempi yesibili yomhlaba.




UGERDA Steyn ogile izimanga ephula irekhodi kwiComrades Marathon esuke eThekwini yaphetha eMgungundlovu izolo ngeSonto. **ISITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA**